# Luyashuba olwenhloko yoMnyango Wezolimo

**nguMANDLA ZULU**

UDABA lokugudluzwa kweNhloko yoMnyango Wezolimo KwaZulu-Natal ngezizathu ezingaqondakali seluthathe elinye igxathu.

Abameli bakaDkt uSiphiwe Mkhize osuswe nguMphathiswa weLolimo, uMnu uThemba Mthembu wayomgcina ehhovisi likaNdunankulu uMhlonishwa uWillis Mchunu sebembhalele incwadi evuthayo emnqumela ugwayi katiki ukuba kuthi ngoMsombuluko zingama-26 kuNhlangulana abe esembuyisele emsebenzini wakhe okanye bazonikela enkantolo.

Ngenyanga kaMbasa ngowezi-2017, iBAYEDE ibike ngezinsolo zetulo lokugudluza uDkt uMkhize esikhundleni sakhe okuthiwa belakhiwe nguMphathiswa uMthembu nokunxenxa abaholi benyunyana iNational Education, Health and Allied Workers Union (NEHAWU) KwaZulu-Natal ukuba bamesekele ekumxosheni.

ElaboHlanga laze lakudalula nokuthi linenkulumo eqoshiwe lapho kukhuluma khona uMphathiswa uMthembu emhlanganweni owawuyinguyazana ayewubambe nabaholi beNehawu okubalwa kubo nonobhala wayo uMnu uPhakama Ndunakazi.

Omunye wabaholi owayekhona kulo mhlangano, uMnu uZimele Mahlobo omele abasebenzi kulo mnyango wakuqinisekisa ukuthi wayekhona kulo mhlangano oyinguyazana uMphathiswa uMthembu owayezobanxenxa ukuba bamelekelele ekuketuleni uDkt uMkhize.

Ngokusho kukaMahlobo uMphathiswa uMthembu waze wabethembisa nokuthi angabenzela noma yini abayifunayo inqobo nje uma bezomesekela kule mizamo yakhe.

"Waze wathi impela kumele simelekelele ngoba uKhabazela uhlukumeza nelungu lethu elinguMnu uSibusiso Mncadi esho ehubhuza ilumbo ngoba thina sinolwazi ngoMncadi ukuthi uyisigangi esaziwayo eMnyangweni nokuthi wagcina etholwe wuphenyo lwangaphakathi ukuthi unenkohlakalo eningi ayenzile emayelana nokukhishwa kwamathenda," kusho uMahlobo.

Waqhuba wathi bamtshela uMthembu ukuthi noma ngabe uMncadi uyilungu labo lokho ngeke kwenze bamesekele ngoba kusenezinsolo okusamele aziphendulele kuzo ezimayelana nomphumela wophenyo lweNMK Forensics mayelana nezinsolo zenkohlakalo azenza kwaSupply Chain Management khona emnyangweni.

Uthi bathi kusamele kuqala uMcadi aqondiswe izigwegwe njengokwezincomo zeNMK Forensics.

UMahlobo waphinde wagxeka uMthembu ngokuthi usebenzisa kabi amandla akhe ngokuhlukumeza uKhabazela ngoba nje engafuni ukudansela isigingci sakhe senkohlakalo.

"Empeleni kufanele ngabe kade amiswa emsebenzini uMncadi kodwa lokho akwenzekile ngoba usondelene nabathile abaphezulu. Okusiphatha kabuhlungu ukuthi uMthembu ugcine emfake esikhundleni sokuba yibamba lakwaSupply Chain Management," kusho uMahlobo.

Phakathi kwenkulmo eqoshwe phansi uMthembu uzibeka ngokusobala izizathu zokuba afune kususwe uKhabazela. Kokunye ugxeka uKhabazela ngokuthi uvimbe endleleni yokuba kunikezwe uMncadi lesi sikhundla asegixabezwe ngaso.

Naphezu kwalobu bufakazi obuqoshwe phansi obuqanda ikhanda ngomhlangano owawuyinguyazana awubamba nabaholi beNehawu, uMthembu waphika walala ngomhlane ukuthi wake waba nomhlangano.

IBAYEDE inayo ikhophi yencwadi ebhalwe ngabameli bakaDkt uMkhize bayithumelela uNdunankulu uMchunu esayindwe ngummeli uRaymond Meneses wenkampani yabameli iGarlicke and Bousfield INC.

Ifundeka kanje:

"Ngokwencwadi eyathunyelwa nguwe kukilayente yethu ngomhla zili-11 kuMbasa ngowezi-2017 ikilayente yasuswa enhlokohhovisi yomnyango wezolimo yalethwa ehhovisi lakho ngenhloso yokunikezela ngethuba uphenyo okwathiwa ngolwaluzophenya ngezinsolo ezazivezwe yizinhlangothi zombili. Le ncwadi yakubeka kwacaca ukuthi izinsolo ezazizophenywa zazimayelana nokunqamuka kobudlelwano phakathi kwekilayente yethu noMphathiswa uMthembu," kufundeka incwadi.

Incwadi iqhuba ithi uDkt uMkhize wabikelwa nguwe ukuthi uphenyo luzothatha izinsuku ezingama-30 ngaphambi kokuba luphothulwe.

Le ncwadi iphinde idalule nokuthi ukungabikhona emsebenzini izinyanga ezimbili kukaDkt uMkhize sekumphazamise kakhulu ekwenzeni umsebenzi wakhe.

"Ngaleyo ndlela sifuna ikilayente yethu libuyiselwe emsebenzini walo ungakashayi uMsombuluko wangomhla zingama-26 kuNhlangulana ngowezi-2017. Nezikhala ebesezigcwalisiwe nakho kumiswe. Uma lezi ziphakamiso kungahlangabezwana nazo ikilayente yethu izophoqeleka ukuya enkantolo," kufundeka incwadi yabameli.

Kwenzeka konke lokhu nje, uMphathiswa uMthembu akekho njengoba ephesheya kwezilwandle.

Imizamo yokuthola okhulumela uMnyango Wezolimo KwaZulu-Natal, uMnu uKhaye Nkwanyana ayiphumelelanga.

Bayede, 22-29 June 2017, page 07